**INKULUMO KAMPHATHISWA WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, UMNUZ WILLIES MCHUNU, EMCIMBINI WOKWETHULWA KOMBIKO EMPHAKATHINI NGESIMO SEZITHUTHI ZOMPHAKATHI, ENEWCASTLE, 05 FEBRUARY 2016**

Mphathi wohlelo;
Amakhosi aseNdlunkulu;
IMeya yaseMajuba District, Cllr Khumalo;
IMeya yaseNewcstle, Cllr Rehman;
USihlalo wekomidi lezokuThutha esiShayamthetho, umfowethu uKaunda;
Amakhansela wonke akhona;
Ubuholi bukaSantaco; Nondaba
Inhlangano yabagibeli i-PTPA;
Ubuholi be-ANC eMalahleni;
Ubuholi bamaPhoyisa;
Ubuholi be-CPF;
Ubuholi be-KZN CCPA;
Ubuholi bososeshini;
Umphakathi – ongabagibeli;
Nonke ngiyanibingelela.

Mphathi wohlelo ngiyabonga ukuthola ithuba lokuthi ngibe yingxenye yalo mcimbi wokuzohlangana nomphakathi walapha eNewcastle ngenhloso yokuthi sizonethulela umbiko futhi sixoxisane nani ngesimo semboni yezokuthutha kule ndawo, ikakhulukazi embonini yamatekisi.
Ukuza kwethu kunina mphakathi, yingoba sikholelwa ekutheni njengoHulumeni okhethwe yinina futhi onomsebenzi wokubika kunina, kumele sikwazi ukuza sizoxoxisana nani ngezinkinga ezinithintayo.

Ingxenye enkulu yomphakathi walapha eNewcastle isebenzisa amatekisi ukuya emisebenzini, ezikoleni nasedolobheni – ngakho uma kuthinteka imboni yamatekisi kuthinteka nina uqobo.

Thina njengoMnyango umsebenzi wethu omqoka owokuqinisekisa ukuthi umphakathi uyathutheka ngezithuthi ezigunyaziwe futhi eziphephile – ngakho siye sinike izimvume abanikazi bamatekisi nezinye izithuthi zomphakathi njengengxenye yokubathuthukisa.

Ngakho-ke kumqoka ukuba abantu baqonde ukuthi umsebenzi wethu njengoHulumeni yimuphi uma kuziwa kakhulu ezindabeni zokusebenza kwamatekisi.

Ngenxa yokuthi uHulumeni unomgomo wokuqinisekisa ukuthi kukhona uzinzo, umsebenzi wokuhleleka kokusebenza kwemboni yamatekisi kanye nokukhishwa kwezimvume ezihambisana nokulawulwa ukuthina njengoHulumeni.

Ngaphezu kwalokho sibuye sibe nomsebenzi wokuqinisekisa ukuthi uma sebexabene bodwa abanikazi bamatekisi bayalanyulwa, yingakho sinamaphoyisa abhekelele ukuqinisekisa ukusebenza kwemboni yamatekisi ngomthetho, bese siphinde siba nophiko nje olubhekene nokuxazulula yona imboni kanye nokugunyaza ukusebenza kwayo iProvincial Regulatory Entity (PRE).

Njengoba senza lo msebenzi njengoHulumeni, akukho lapho sisebenza khona ngokwenzelela futhi akukho lapho niyoke nizwe khona kuthiwa uMchunu uthathe isinqumo ngoba ebhekelela obani – ngoba ngenza isifungo sokuthi ngiyosebenza konke ngobuqotho nangokulawulwa umthetho.

Akukho nelilodwa ilanga lapho kwake kwabulalana khona abantu embonini yamatekisi ngoba kukhona abathunywe nguHulumeni – kusuke kuyibona kanye abanikazi bemboni abaxabene bodwa bese bekhetha ukubulalana kunokubheka izindlela zokuxazululana ezisemthethweni.

Noma sebethathe lezo zinqumo beshiswa ngamagazi, kumele kube yithina Hulumeni okumele sisukume singenelele, siqinisekise ukuthi kukhona ukuthula futhi amaphoyisa ayalandelela ukuze kubanjwe abasolwa kube nozinzo.

Okubuhlungu kakhulu ngukuthi bonke abantu bagijima bagxeke uHulumeni kuthiwe uyahluleka bese bekhohlwa wukuthi akukaze kwaba lula ukulamula impi ongazange uyiphake futhi yonke impi idinga abaphehli bayo ukuze ikwazi ukuxazululeka.

Lesi sithombe ngisicacisa ngoba thina njengoHulumeni silindele ukuthi le mboni yamatekisi ibe yibhizinisi futhi ibuswe ngokuthula nangokulandela umthetho. Ngihlale ngibatshela ukuthi la eNewcastle edolobheni kukhona izitolo oShoprite noSpar kodwa asikaze sizwe kuthiwa abanikazi bazo abasalali emakhaya ngenxa yokuthi baxabene.

Kunalokho uma kukhona izinselelo ezibhekene namabhizinisi abo bahlala phansi bacebisane ngokuthi baphuma kanjani ndawonye ukuze bekwazi ukuqhubeka nokwenza inzuzo.

Lesi sifundazwe sisuka esikhathini esibi lapho imboni yamatekisi ibiyisizinda sokuchitheka kwegazi futhi sekuyinto eyaziwayo nje ukuthi ithathana emini ka-bha. Lokhu kwaholela ekutheni kucekeleke phansi impilo emindenini eminingi futhi babebaningi abantu abangenacala okubalwa, nabagibeli kanye namaphoyisa abulawa ngenxa yezinkinga zamatekisi.

Akuzange kube lula ukushintsha lokhu ngoba kwaphoqa ukuthi kube khona abasukumayo embonini yamatekisi kanjalo nakuHulumeni nasenhlanganweni ebusayo i-ANC, babe yingxenye yokubamba izingxoxo ukuze kube khona ukuthula.

AbabengoNgqongqoshe balo Mnyango phambilini, uMhonishwa uSbu Ndebele kanye noMhlonishwa uBheki Cele – babesebenza kanzima ukuxalula izinkinga zale mboni.

Yilezi nkinga nami engizificile nezigcine zenza ukuthi isikhathi esiningi ngisichithe ngisebenza indawo yalapha eNewcastle kanye nezinye ezifana naKwaMaphumulo – KwaDukuza- Mandeni-Dolphin Coast – KwaNongoma-Bergville –Mnambithi-Folweni – KwaNdengezi kanye nezinye eziningi.

Isikhathi sami esiningi ngisichitha ngokuhlangana nabanikazi bamatekisi, obaba nomama abadala, abasuke behubhana ngezibhamu – sekumele thina sibaxazulule. Sisuke sixazulula into esingayazi nokuthi iqalephi, iqalwa ngubani futhi eyiqalelani.

Nalapha eNewcastle izinkinga zakhona ziqale ngonyaka ka-2009 ngesikhathi ososeshini abayisihlanu abasebenza kule ndawo beba nokungaboni ngasolinye ngendlela yokusebenza. Lokhu kuholele ekutheni kugcine kufe abantu abangaphezulu kuka 14 ngokwezibalo zamaphoyisa.

Umbango omkhulu walabo soseshini waba ngemizila abayisebenza bonke, ikakhulukazi leyo esukela lapha eNewcastle.

UMnyango wangelela ngaleso sikhathi kodwa kuzona zonke izixazululo owabe uza nazo zahluleka ngoba kwaba khona abathatha isinqumo sokuya enkantolo. Iyinkinga ke indaba yenkantolo ngoba uma sekunesinqumo senkantolo ayibe isasebenzeka ngendlela inkinga futhi kusuke sekumele sonke sihloniphe isinqumo senkantolo.

Nami ngathi uma ngifika ngizwa kuthiwa bayaphela abantu eNewcastle nangemuva kokuthola umbiko eMnyangweni, ngahlangana nabaholi babo bonke ososeshini ngenhloso yokuthola umnyombo wale nkinga.

Ngabe sengijuba ithimba elaliholwa udadewethu uLinda Zama – ongummeli ukuba avundulule athole konke ukuze sikwazi ukuba nokungenelela okuya phambili.

Ngeshwa yonke imizamo esasiyenza ayiphumelelanga ngoba akubanga khona ukubambisana. Yonke lemizamo siyenza nje abantu bayaqhubeka nokufa.
Ubuholi buka-Santaco buholwa uNondaba nabo bangenelela ngawuletha noMnyango ukuthi usebenze nabo futhi zaba khona izivumelwano ezithathwayo, esizincoma kakhulu ngoba nabo babehlose ukwakha nokuthi kulungiswe isimo esikhona.

Kwavela umbono wokuthi kusungulwe usoseshini owodwa ozohlanganisa bonke labo soseshini balapha, inkinga yaba sekutheni njengoMnyango asinalo igunya lezomthetho lokwenza lokhu futhi sathi uma sifuna izeluleko zomthetho kwacaca ukuthi kobe sivula umfula oyothi uma usugeleza singakwazi ukuwunqanda.

Nokho siyabonga Nondaba kanye nobuholi bonke ukuthi njengoSantaco nibe kanye nathi kwaze kwafika la – nani nizama ukuthi kutholakale isixazululo kule nkinga yalapha eNewcastle.

Nami njengo-MEC ngibambe imihlangano eminingi nobuholi bukamasipala kule ndawo, sibheka amasu kanye nokuvezwa yimboni okudinga ukuthi nathi sibuyele emuva siye kokulungisa.

Lokhu kungenelela kuholele ekutheni ososeshini babuke izindlela ezahlukene nokusebenzisana nokugcine ngokuthi bakhethe ukuthi babe nezivumelwane kuleyo mizila abayisebenza ngokuhlanganyela.

Lokhu kwabe kusho ukuthi kunezivumelwano ezifunwa wumthetho ezingaphezulu kuka-25 okumele zisayinwe, zisayinwe ngisho nanabanye ososeshini, okubalwa nabasezifundazweni ezingomakhelwane.

Lo msebenzi wenziwe waba yimpumelelo futhi wenziwa ngokubambisana njengoba nezifundazwe esaseFree State, iMpumalanga kanye neGauteng zibe yingxenye yalolu hlelo zagcina zisayiniwe.

Lokhu kwenzeka nje nathi siyaqhubeka nomasipala walapha nokwenza owethu umsebenzi njengoba savumelana ngokuthi kuhlelwe kabusha ukusebenza kwerenki ukuze kuvinjwe laba abasebenza ngokungemthetho nabasusa udweshu.

Phakathi kwezinto okwavunyelwana ngokuthi kumele umasipala uzenze:

- Ukubiyela irenki nokufakwa amalambu
- Ukwenza izitikha ukuze zonke izimoto ezisemthethweni zibonakale
- Ukufaka ama-CCTV camera
- Ukuhlinzeka inkampani yonogada ezogada erenki
- Ukuhlinzeka ngezinto eziveza abasebenza erenki
- Ukufakwa kohlelo lokuqinisekisa inhlanzeko erenki

Kumanje angu-827 amapermit okusebenza kwezimoto erenki asekhishwa ngumasipala kanti kunezicelo ezingu-350 kumanje ezifakwe kumasipala. Kumanje silungisa izivumelwane ukuze nomasipala ukwazi ukusebenzisa indawo ye-pound lapha kuzogcinwa khona izimoto eziphula umthetho.

Mphathi wohlelo, kumqoka ukuba sibike ukuthi nohlelo lokukhishwa kwezimvume zokusebenza kwamatekisi (operating licence) sesikwenze kwaba lula njengoba sekukhona ihhovisi eliseMnambithi nelizokwazi ukusebenza kuzuze nabantu balapha.
Yize kuke kwagqoza ukulandwa kwamalayisensi okusebenza alapha eNewcastle kodwa zikhona izinkomba zokuthi lolu hlelo seluyashesha. Kusukela ngoDecember 2015 kuze kuba uFebruary 2016 zingu-217 izimvume esezilandiwe – lokhu okusho ukuthi abantu balapha bazimisele manje ngokusebenza bebuswa ngumthetho.

Ngonyaka odlule kube nesigameko lapho kufakwe khona amatshe erenki, kwaphazamiseka ukuthuthwa kwenu njengomphakathi. Savumelana nabemboni ukuthi kumele beze bazoxolisa kunina ngoba asikho isidingo sokuthi uma bengazwene bese nina nisala ngaphandle kwezithuthi noma nigcine nilimala ezimpini zabo eningahlangene nazo.

Siyethemba ukuthi njengoba sesihambe ibamba elide kangaka saphothula konke obekusele, ngeke kusaphinde kube khona umsindo kule ndawo yaseNewcastle. Silethe lo mbiko kunina njengomphakathi ngoba thina sakhethwa yini futhi kumele sihlale sixhumana nani noma kukuhle noma kukhona izinkinga.

Namuhla sizothi bantu baseNewcastle thina sesilihambile elethu ibanga futhi sikholwa wukuthi lapho sifike khona akusamele kuphinde kube khona umuntu obuyela emuva. Likhona ithimba elizobheka umsebenzi elimelwe yibo bonke ososeshini futhi sonke sivumelene ukuthi uma kukhona ophula umthetho sonke sizokwakha isiqiniseko sokuthi uyajeziswa – ngezindlela ezisemthethweni.

Ngokwethu akumele siphinde sibuye eNewcastle ngoba sizoxazulula inkinga yamatekisi kodwa bese kumele sibuye la ngoba size ngentuthuko noma uma size ngomkhankaso ngomsebenzi ka-ANC – sizozicelela amavoti.
Sengiphetha ngiyafisa ukugcizelela kubantu bakule ndawo ukuthi kumqoka ukuba nihambe niyobhalisela ukuvota ngoba inani labantu ababhalisile yilona elizokwenza umasipala wangakini uthole isabelomali esithe xaxa ukuze ukwazi ukwenza ngcono izindawo enihlala kuzona.

Wonke umuntu kumele aphume ebambe owakwakhe. Kumele umuntu aphume nomndeni wakhe kanye nezingane, uze ubize ngisho nomakhelwane, nonke niyobhalisela ukuvota ngoba lolu khetho loHulumeni basekhaya lungani nina njengomphakathi ezindaweni zenu.

Noma uMengameli engakalumemezeli usuku lokhetho kodwa imikhankaso yamaqembu isiyaqala – ngakho sifisa kube nokuthula kanye nokubekezelelana ngalesi sikhathi semikhankaso.

Okuhle ukuthi nina lapha eNewcastle naseMajuba nizobe nivotela into eniyibonayo ngoba selokhu kuthathe uHulumeni ka-ANC kule ndawo umehluko uyabonakala futhi abaholi benu basebenza ngokuzikhandla okukhulu.

Omasipala benu babalwa nabanye abaphambili ukuphatha ngenhlanzeko izimali zomphakathi nokuyisa izidingo kubantu.
Siyazi kodwa ukuthi akhona amakhansela okungenzeka ukuthi awenzanga kahle.

Lapha kwa-ANC sinohlelo lokuya emphakathini ukuze nawo ube nezwi ngabaphakanyisiwe ngakho ke kulapho la kumele khona nina mphakathi nisho ukuthi yiliphi ikhansela enibona ukuthi linganimela kahle, ngaphansi kwesigqoko sikaKhongolose.

Lokhu ngikusho ngingasabi ngoba angizile ukuzokhankasa kodwa yingoba kumele sinigqugquzele njengengxenye yentando yeningi ukuthi nibambe iqhaza ezinhlelweni zokubuswa kwezwe futhi kumele nilisebenzise ilungelo lenu lokuvota ngoba kade sicindezelwe sahlala iminyaka singenalo ilungelo lokuvota.

Kwasiza ukuthi abantu abanjengobaba uNelson Mandeni kanye nabanye abaningi bakhethe ukuzabalaza ngenhloso yokuthi leli zwe likhululeke futhi sonke sibe namalungelo alinganayo. Ngakho ke kumele silisebenzise ilungelo lethu futhi sibe nezwi ezindaweni zethu ngendlela esiphethwe ngayo.

Ngakho ke kumele niphume ngobuningi benu ukuze kube yinina eninquma ukuthi ezindaweni niphathwa ngobani abanjani futhi enizokwazi ukubathemba.

**Ngiyabonga**